Kanti uma uRam esethukuthela, umama wakhe wayemithisa. Wathetha ememeza kakhulu, "RAM!" Wonke umuntu osemuzini wamuzwa ethetha. Umsindo waduma futhi wenanelwa kuwo wonke umuzi isikhathi eside.

Ngelinye ilanga, kwakushisa kakhulu futhi kuswakeme. URam wayelwa kabi. Futhi, njengokwe!wayelekile, akakwazanga ukuzibamba. Kwase kuba khona unyazi olugqamile, yase iqala ukusha indlu. Ngenxa yokuthi indlu yayakhiwe ngotshani, yasha ngokushesha.

Umama wakhe wathukuthela kakhulu. "RAAAAAMMMMMMM!" kumemeza yena. "BHEKA UKUTHI WENZENI?"

Kwakuwumsindo omubi kakhulu. Waduna wenanelwa isikhathi eside. Besaba abantu basemuzini. Kwamazama izindlu. Kwagqahazela nabantu basemuzini. Abantu basemuzini bayakosini bayakhononda, kodwa inkosi ayazanga ukuthi kumele yenzenjani.



And when Ram lost his temper, his mother shouted at him. She shouted very loudly, "RAM!" Everyone in the village heard the shouting. The noise rumbled and echoed all over the village for a long time.

One day, it was very hot and humid. Ram was having a terrible fight. And, as usual, he lost his temper. Then there was a bright flash, and a house started to burn. Because the house was made of grass, it burned quickly.

His mother was very angry. "RAAAAAMMMMM!" she thundered. "WHAT HAVE YOU DONE?"

After the storm, the villagers gathered together. "He has destroyed everything," shouted one man. "We must destroy him."

"They must be punished," shouted another. The king called Ram and his mother to a meeting. "You will go and live far away," said the king. "You will go to a place that is further away than any other place."

"Where will we go?" asked Ram's mother. "You will go and live up in the sky," said the king. "And you will not come back to our village ever again."

The villagers nodded their heads. "Go up to the sky and don't bother us anymore," they shouted. "You have heard the king."



Ngemva kwesiphepho, abantu basemuzini bahlangana bonke.

"Ushabalalise yonke into," kumemeza enye indoda. "Kumele simshabalalise."

"Kumele bajeziswe," kumemeza enye.

Inkosi yabizela uRam kanye nonina emhlanganweni. "Nizohamba niyohlala kude," kusho inkosi. "Nizoya endaweni ekude kunezinye izindawo."

"Sizoyaphi?" kubuza umama kaRam.

"Nizoyohlala phezulu esibhakabhakeni," kusho inkosi. "Futhi ngeke niphinde nibuyele emuzini wethu."

Abantu basemuzini banqekuzisa amakhanda abo. "Hambani niye esibhakabhakeni futhi ningaphinde nisihluphe," kumemeza bona. "Niyizwile inkosi."

Izingane zamamathekelele omama kanye nobaba bazo, kanye nologo nomkhulu bazo kanye nabatowabo nodadewabo. Zamamathekelele umshayeli webhasi kanye nomama othengeza izithelo nemifino, kanti uMama uMakau, owayomamathekelele umyeni wakhe, yena owabe esemamathekelele imeya ...

Ukumamathekelele kwagxuma kwagcingqika kwase kukhazimula kwaze kwamamathekelele, kwagigithekelele Futhi, kwahlekelele WONKE UMNINZI emvuleni.



The children smiled at their moms and dads, and their gogos and tatas and brothers and sisters. They smiled at the bus driver and the greengrocer, and Mme Makau, who went off to smile at her husband, who smiled at the mayor ...

The smiles leapt and rolled and beamed and gleamed until EVERYONE was smiling and giggling and laughing out loud in the rain.

The smiles bounced around and beamed at Sizwe. They warmed him, and tickled him, and crept up, up, up from his toes ... to the TOP of his head. He was so full of happiness that the smile burst out, brilliant and beaming bright.

And something changed. The dark, gloomy, rainy afternoon didn't seem so dark anymore. Could it be ...?

YES! The clouds parted, and the warm sun shone down on them, with the biggest, brightest, most brilliant smile of all.

Ukumamathekelele konke kwagxuma kwase kubheka kuSizwe. Kwamfudumeza, kwase kumkitaza, kwase kukhuphuka, kwaphinde kwakhuphuka futhi, kwakhuphuka, kusuka ezinzwaneni zakhe ... kwaze kwayofika PHEZU kwekhanda lakhe. Wayegcwele injabulo kangangokuthi kwaqhibuka ukumamathekelele, okuhle futhi okugqamile.

Kanti kwaba khona into eshintshayo. Intambama eguqubele, ebafezi bedub'inyama, enemvula yabukeka ingasaguqubele. Ngabe kungenzeka ukuthi ...?

YEBO! Amafu ehlukana, kwakhanya ilanga elifudumele phezu kwabo, ngokumamathekelele okukhulu, okugqamile ukudlula konke, nokuhle ukwedlula konke.

Ukumamathekelele kwazanele kwakugqamile kakhulu kunakho konke indoda yeposi eyayikubonile esikhathini sonke sasokuseni. Kwayigcina ifudumele ngenkathi ihamba emvuleni.

Yafika endlini enkulu. Ngaphakathi kwesango, kwakukhona inja eyayilokhu izungeza, ikhonkotha, ikhonkotha, ikhonkotha. Yayenza into ewubuwula, kangangokuthi indoda yeposi ayikwazazanga ukuzibamba yavele yamathekelele. Ukumamathekelele kwagxuma kwangena esangweni kukhazimula.

Inja yayeka ukukhonkotha. Yamisa amadlebe ayo yase itshekizisa umsila wayo. Yase iphenduka igijima ibuyela endlini ngokumamathekelele okukhulu, okufudumele.

Zanele's smile was the brightest thing the postman had seen all morning. It kept him warm as he trudged off through the rain.

He came to a big house. Inside the gate, a dog was spinning around in circles, barking, barking, barking. He was so silly, that the postman couldn't help smiling. The smile bounced through the gate with a glitter of glee.

The dog stopped barking. He pricked up his ears and wagged his tail. Then he turned and ran back to the house with the precious, warm smile.



His mother laughed. "Sizwe! A smile is something you can give away without losing it. Look!"

She lifted him up to the mirror. There was his smile, just as bright as before.

Umama wakhe wahleka. "Sizwe! Ukumamathekelele yinto ongaphana ngayo kodwa ingakulahlekelile, Buka nje!"

Wamqokola wamkhombisa isibuko. Kwakunokumamathekelele kwakhe, kugqamile kufana nakuqala.

As Sizwe walked away to the library, Zanele's doorbell rang. It was the postman, with a letter from her favourite cousin. Zanele was so happy, that the smile bounced up, and beamed out at the postman.

"Thank you, Mister Postman!" she said.

Ngesikhathi uSizwe eqhubeka nohambo oluya ematsheni wezincwadi, kwakhala insimbi yomnyango yakubo kaZanele. Kwakuyindoda yeposi, ilthe incwadi evela kumzala wakhe amthanda kakhulu. UZanele wathokoza kakhulu, kangangokuba ukumamatheka kwagxuma kwaphuma, kwabhaka endodeni yeposi. "Ngiyabonga, Mnumzane Weposi!" kusho yena.



It was time to go out. Mama buttoned up Sizwe's raincoat, and off they went, through the rain, to the library.

Down the street, Sizwe's best friend Zanele stood at the window of her house, looking sadly at the rain.



Sizwe felt his smile creeping, creeping up. Before he knew it, his smile LEAPT out, and flew across the garden to Zanele. Zanele held on tightly to the smile – it was far too precious to let it get away.

Kwase kuyisikhathi sokuhamba. UMama wafasa ijazi lemvula likaSizwe, baphuma bahamba, emvuleni, beya emtatsheni wezincwadi.

Ezansi nomgwaqo, umngani omkhulu kaSizwe, uZanele, wayemi efasiteleni lakubo, ebuka imvula ngokudangala.

USizwe wezwa ukumamatheka kwakhe kuphuma, kulokhu kuphuma. Uthe engazelele, kwathi VUMBU, kwandiza kwawela ingadi kwaya kuZanele. UZanele wabamba ukumamatheka wathula nakho – kwakuyinto eyigugu kakhulu ukuba angayidedela.

In the library, everything was quiet except for the sound of the rain.

"It's time to go," said Sizwe's mother, closing her book.

"Aw, Mama!" said Sizwe, who had run out of smiles.

Emtatsheni wezincwadi, wonke umuntu wayethule ngaphandle komzindo owenziwa imvula.

"Sekuyisikhathi sokuhamba," kusho umama kaSizwe, evela incwadi yakhe.

"Hawu, Mama!" kusho uSizwe, owayesephelile ukumamatheka.



But as they stepped out into the street ... WHAT A SIGHT! Everyone in town was there! Everyone! And they were ALL smiling!



Kodwa lapho bephumela ngaphandle emgwaqweni ... KWABONAKALA INTO EMANGAZAYO! Wonke umuntu wasedolobheni wayelapho! Wonke umuntu! Futhi BONKE babemamatheka!



## Get story active!

After you and your children have read the cut-out-and-keep books in this supplement, you might like to try some of these ideas. Choose the ones that best suit your children's ages and interests.

### Sizwe's smile

- ★ Look at the pictures again. Choose some of them to focus on and, with your children, talk about how the people might be feeling. Invite your children to talk about times when they felt like this too.
- ★ In the story, Gogo says that she thinks Sizwe's smile "is magic". Ask your children whether they think that Sizwe's smile really is magic. Can they suggest why Gogo says this?
- ★ Sizwe's mother says that a smile is something you can give away without losing it. Can your children think of other things that you can give away, but still keep?



### Thunder and lightning

- ★ Ask your children to draw their own pictures of Ram and to then write the words that describe him around their picture. Help younger children by writing the words they tell you.
- ★ How about adding sound effects to the story? Read the story together again, but this time use pots, pans and other kitchen utensils as well as stamping your feet and clapping your hands to make the sounds in the story – for example, the sounds of the Ram knocking over things, or the rumbling noise of the thunder, or Ram's mother shouting.
- ★ The villagers in the story asked the king to send Ram and his mother away. Do your children think this punishment was fair? How else could Ram and his mother have been punished? Would that have been more fair?



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!



Ngemva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde incwadi enzoyifunda niyikhiphe kulesi sithasiselo, kungenzeka uzame amanye ala macebo. Khetha lelo elihambisana kahle neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

### Ukumamatheka kukaSizwe

- ★ Phinda ubheke izithombe futhi. Khetha ezinye zazo ozogxila kuzo nezingane zakho, xoxani ngokuthi ngabe abantu bazizwa kanjani. Mema izingane ukuthi zixoxe ngezikhathi lapho nazo zazizwa khona ngale ndlela.
- ★ Kule ndaba, uGogo uthi ucabanga ukuthi ukumamatheka kukaSizwe "kungumlingo". Buza izingane zakho ukuthi ngabe zicabanga ukuthi ukumamatheka kukaSizwe kungumlingo ngempela yini. Nokuthi ngabe zingakwazi yini ukusho ukuthi kungani uGogo esho kanje?
- ★ Umama kaSizwe uthi ukumamatheka kuyinto ongayipha omunye umuntu kodwa ingakulahlekelile nawe. Ngabe izingane zakho zingakwazi ukucabanag ngento ongaphana ngayo kodwa nawe ingakulahlekelile. Ngabe izingane zakho zingacabanga ngenye into ezingaphana ngayo, kodwa ziphinde ziyigcine futhi?

### Ukuduma nombani

- ★ Cela izingane zakho ukuthi zizidwebele ezazo izithombe zikaRam bese zibhala amagama amchazayo azungeze isithombe sazo. Siza izingane ezincane ngokubhala amagama ezikutshela wona.
- ★ Kungaba njani uma ningafaka nokuzwakala komsindo endabeni? Fundani indaba ndawonye futhi, kodwa manje sebenzisani amabhodwe, amapani kanye nezinye izinsiza zasekhishini bese nigxoba phansi nangezinyawo zenu, nishaye izandla zenu ukuze nenze imisindo esendabeni – isibonelo, imisindo kaRam eshayisa izinto, noma ukuduma kwezulu, noma ukuthetha kukanina kaRam.
- ★ Abantu basemuzini abasendabeni bacela inkosi ukuthi ixoshe uRam nonina. Ngabe izingane zakho zicabanga ukuthi lesi yisijeziso esifanele? Ngabe iyiphi enye indlela ebekungajeziswa ngayo uRam nonina? Ngabe lokho bekuzoba yinto efanele?

### DID YOU KNOW?

1. Thunder and lightning happen a lot! Every second there are over 100 lightning strikes on Earth. And there are more than 1 800 thunderstorms every day.
2. Thunder and lightning work together! If you can hear thunder, lightning is nearby.
3. Lightning heats up the air around it. The air expands and vibrates, making thunder.
4. Lightning is most likely to hit tall objects, like trees, mountains and people – anything that stands up from the ground.
5. Lightning is very dangerous. Each year it kills about 2 000 people around the world.



### NGABE BEWAZI?

1. Ukuduma nombani kwenzeka kaning! Njalo ngomzuzwana kunemibani eyi-100 eshaya eMhlabeni. Futhi kunokuduma kwezulu okuyi-1 800 nsuku zonke.
2. Ukuduma kusebenza ndawonye kuhambisana nombani! Uma uzwa ukuduma, umbani useduze.
3. Umbani ufudumeza umoya owuzungezile. Umoya uyakhukhumala bese uzamazama, wenza umbani.
4. Umbani uvamile ukushaya izinto eziphakeme, ezifana nezihlahla, izintaba kanye nabantu – noma yini emile engekho phansi.
5. Umbani uyingozi kakhulu. Minyaka yonke ubulala abantu abacela ezi-2 000 emhlabeni wonke.



Drive your imagination

# The king of the birds

Retold by Joanne Bloch  Illustrations by Tamsin Hinrichsen



Long ago when the world was new, Nkwazi, the great fish eagle, called all the birds together.

"As you know," he said, "Bhubesi the lion is king of the beasts. But why should he speak for us birds? We need to chose our own king ... and as I am so majestic, I say it should be me!"

All the birds began to chirp and chatter until one voice rose above the others. "Nkwazi, you are majestic, it's true," said the giant eagle owl, Khova. "But my huge eyes see everything that happens. This makes me very wise – and a king really needs wisdom!"

Again the birds twittered loudly, until the kori bustard, Ngqithi spoke. "I think I should be king!" he said. "Kings need to be big and strong, and I am the largest bird of all."

The birds began arguing about who should be king. Then a shrill voice suddenly rose above the din, "Excuse me! Excuse me!" It was tiny Ncede, the Neddicky bird. Although the crowd laughed at his cheekiness, they allowed him to speak – but none of them could believe it when he said that HE should be king!



"And what exactly would make you a good king?" asked Nkwazi, after they had all stopped laughing.

"Nothing really," said Ncede, "but I should have as much chance as anyone else!"

"All right," said Nkwazi, "let's have a competition!" All the birds liked this idea. They agreed that on the first day after the full moon, when the sun touched the tip of the highest mountain peak, they would all take to the air to see who could fly the highest. The winner would become their king.

The big day arrived. The birds watched patiently as the sun rose. Though little Ncede was determined to prove he could be king, he knew his wings were too weak to fly very high.

So, just before the birds took off, he crept silently underneath Nkwazi's wing feathers. The fish eagle was so busy watching the sun that he didn't feel a thing.

The instant the sun touched the tip of the mountain, the birds rose high into the sky. Soon most of them grew tired, and only the fish eagle, the owl and the bustard were left in the race.

Khova was the first to drop out. As he sank to the earth, Nkwazi and Ngqithi flew up higher and higher ... but after five minutes, the heavy bustard could go no further. "Ah, Nkwazi," he called sadly as he swooped to the ground, "you win!"

"WHEEE-WHEEE-WHEEE!" shrieked the fish eagle triumphantly, gathering his last drop of strength and climbing a little higher. But suddenly he heard a taunting voice. "Not so fast, Nkwazi!" chirped Ncede, shooting out from under his wing and rising a little above him. "You haven't won yet!" Poor fish eagle! He was utterly exhausted, and could climb no further. With a groan he fell to the earth.



The birds were furious at Ncede's trickery. As he hit the ground, they rushed angrily at him – but before they could act, the quick little bird zipped into a deserted snake hole.


"Come out!" screeched the birds, "and get the prize you deserve!" But although they guarded the hole all night, Ncede stayed exactly where he was.

"Let's take turns to stand guard!" said Nkwazi in the morning. Khova agreed to take the first watch while the others went off to sleep or hunt. He waited for ages, but there was no sign of Ncede. "My eyes are so strong," he said to himself, "I only need one. I'll close my right eye and use my left." A while later he swapped, opening his right eye and closing his left. This went on for some time, until finally he forgot to keep one of his eyes open and fell fast asleep.

This was just what Ncede had been waiting for! Off he flew, straight into the forest. "You fool!" shouted Nkwazi, who had seen Ncede disappearing just as he came to relieve Khova, "YOU FELL ASLEEP!"

Khova was so embarrassed that he decided to hunt by night and sleep by day so that the other birds wouldn't have a chance to tease him. Meanwhile, Ncede flitters about in the forest, never stopping long enough to be caught. And who became king? Well, the truth is that the birds were so upset with Ncede that they never chose a king!





Kudala kakhulu, umhlaba usemusha, uNkwazi, ukhozi olukhulu oludla izinhlanzi, wabizela zonke izinyoni emhlanganweni.

"Njengoba nazi," kusho yena, "uBhubesi uyinkosi yezilwane. Kodwa kungani kumele akhulumele nathi zinyoni? Kumele sizikhethele inkosi yethu ... futhi ngibufanele mina ubukhosi; ngithi kumele kube yimi!"

Zonke izinyoni zaqala ukukhala kwaze kwezakala iphimbo elilodwa ngaphezu kwamanye. "Nkwazi, ubufanele ubukhosi, lokho kuyiqiniso elingephikiswe," kusho isikhova esikhulu, uSikhova. "Kodwa amehlo ami amakhulu abona yonke into eyenzekayo. Lokhu kungenza ngihlakani phe kakhulu – kanti vele empeleni inkosi idinga ubuhlakani!"

Izinyoni zaphinde zaxokozela kakhulu, kwaze kwakhuluma enye yazo enguNgqithi.

"Ngicabanga ukuthi imina okumele ngibe inkosi!" kusho yena. "Amakhosi kumele abe makhulu futhi abe namandla, kanti-ke yimi inyoni enkulu kunazo zonke."

Izinyoni zaqala ukuphikisana ngokuthi ubani okumele abe yinkosi. Khona manjalo kwezakala izwi elinkentezayo ngaphezu kwalowo msindo, "Uxolo! Uxolo!" Kwakuyinyoni encane, uNgcède. Noma isixuku sakuhleka ukuba nesibindi kwakhe, samvumela ukuthi akhulume – kodwa ayikho neyodwa inyoni eyayikholelwa ukuthi kumele ABE yinkosi!



"Ngabe yini-ke empeleni engakwenza ufanelwe ukuba inkosi?" kubuza uNkwazi, ngesikhathi seziqede ukuhleka zonke.

"Empeleni akukho lutho," kusho uNgcède, "kodwa kumele ngibe namathuba alingana nawawo wonke umuntu!"

"Kulungile," kusho uNkwazi, "ake sibe nomncintiswano!" Zonke izinyoni zawuthanda lo mqondo. Zavumelana ukuthi ngosuku lokuqala ngemva kwenyanga egcwele, uma ilanga selithinta isicongo sentaba ephakeme kakhulu, zonke zizondiza bese zibona ukuthi ubani ozondiza aye phezulu kunazo zonke. Ophumelele uzoba inkosi yazo.

Lwafika usuku olukhulu. Izinyoni zazibhekile zilinde ngesineke ngesikhathi kuphuma ilanga. Noma uNgcède omncane wayezimisele ukukhombisa ukuthi angaba inkosi, wayazi ukuthi amaphiko akhe abuthakathaka kakhulu ukuthi angandiza aye phezulu kakhulu.

Ngakho, ngaphambi nje kokuthi izinyoni zisuke, wazishutheka ngaphansi kwezimpaphe zamaphiko kaNkwazi. UNkwazi wayegxile ekubukeni ilanga, akezwanga lutho.

Kwathi nje uma ilanga lithinta isicongo sentaba, izinyoni zandiza zaya phezulu esibhakabhakeni. Kungekudala izinyoni eziningi zakhathala, kwase kusala inkwazi, isikhova nongcede kuphela emqhudelwaneni.

USikhova waba owokuqala owehluleka. Ngesikhathi ebuyela emhlabeni, uNkwazi noNgqithi bandiza baya phezulu ... phezulu ... kodwa emva kwemizuzu emihlanu, ingqithi esindayo ayikwazanga ukunyukela phezulu. "A, Nkwazi," yasho kabuhlungu ngesikhathi yehlela phansi, "kuphumelele wena!"

"WEEE-WEEE-WEEE!" kukhala inkwazi izwakalisa ukunqoba, ikhipha amandla okugcina yenyukela phezudlwana. Kwathi kusenjalo yezwa izwi elinkentezayo. "Phinde phela, Nkwazi!" kukhala uNgcède, ethushuka phansi kwephiko lakhe ekhuphukela ngaphezu kwakhe. "Awukaphumeleli!" Hawu, inkwazi yabantu! Yayikhathele ngokwedlulele, futhi yayingeke isakwazi ukukhuphukela phezulu. Yadazuluka yawela emhlabeni.



Izinyoni zazicasuke kakhulu ngenxa yobuqili bukaNgcède. Ngesikhathi efika phansi, zaphuthuma kuye zonke zithukethele – kodwa ngaphambi kokuba zimenze isilo sengubo, inyoni encane esheshayo yaziphonsa emgodini owawuhlala inyoka.

"Phuma!" kumemeza izinyoni, "uzothola umklomelo okufanele!" Noma zaqapha umgodini ubusuku bonke, uNgcède wahlala lapho ayehleli khona.

"Ake sishintshane ngokuqapha!" kusho uNkwazi ekuseni. USikhova wavuma ukuqapha kusukela ngesikhathi ezinye izinyoni ziyolala noma ziyozingela. Walinda isikhathi eside, kodwa akazange abonakale nangokhalo uNgcède. "Ameblo ami anamandla," ezitshela yena, "Ngidinga ihlo elilodwa kuphela. Ngizovalala ihlo lami lakwesokudla bese ngisebenzisa elakwesokunxele." Ngemva kwesikhathi esithile washintsha, wavula ihlo lakwesokudla wase evala elakwesokunxele. Lokhu kwaqhubeka isikhashana, waze wakhohlwa ukugcina ihlo elilodwa libhekile, wazumeka.

Yilokho uNgcède ayekulindile! Waphuma wandiza, waqonda ehlathini. "Siduphunga ndini!" kumemeza uNkwazi, owabona uNgcède ebaleka ngesikhathi ezophumusa uSikhova, "UYE WALALA!"

USikhova wayenamahloni kangangokuthi wanquma ukuzingela ebusuku bese elala emini ukuze ezinye izinyoni zingabi nathuba lokumgcona. UNgcède yena wayendiza ehlathini ebalekela ezinye izinyoni, engami isikhathi eside hleze abanjwe. Kanti ubani owaba inkosi? Empeleni, izinyoni zazimthukethelele kakhulu uNgcède kangangokuthi aziphindanga zakhetha inkosi!



# Nal'ibali fun

Use your imagination to complete this story.



# Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Sebenzisa ozicabangela khona ukuze uqedele le ndaba.

## A silly thing to do

- One rainy break time, all the children had to stay inside the classroom. After they had finished eating, some of the children decided to make up a new hip hop dance together.
- It was fun until Tara said, "Hey, I know, let's dance on the desks!"
- She jumped onto a desk and ... slipped right off onto the floor!
- "Ow, ow, my ankle," cried Tara. "It's burning!"
- Tara's friends ran off quickly to find their teacher.

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

## Ukwenza into ewubuwula

- Ngelinye ikhefu lasesikoleni lina kakhulu, zonke izingane kwadingeka ukuthi zihlale ngaphakathi kwegumbi lokufundela. Ngemuva kokuba seziqedile ukudla, ezinye izingane zanquma ukuthi zizenzele umdango we-hip hop omusha.
- Kwakumnandi kwaze kwaba ngesikhathi uTara ethi, "He, niyazi ukuthini, asidanse phezu kwamadeski!"
- Wagibela phezu kwedeski wase ... eshibilika ewela phansi!
- "Eshu, eshu, iqakala lami," kukhala uTara. "Liyavutha!"
- Abangani bakaTara bagijima bayobheka uthisha wabo.



.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

How much do you know about Bella? Choose the correct word from each pair of red words to complete the information about her.

Bella is **ten/five** years old. She has a pet **fish/dog** that she adopted when he was a puppy. She named him **Noodle/Blossom**. Her best friend is Neo and they play together every day after Neo comes home from school. Bella loves listening to **stories/songs** being told or read to her. She loves all animals so she likes stories about animals. But she also likes stories about queens and witches, even though they make her a little **happy/scared** sometimes!

Wazi kangakanani ngoBella? Khetha igama elifanelekile emagameni abomvu ahamba ngamabili ukuze uqedele imininingwane emayelana naye.

UBella uneminyaka yobudala **eyishumi/emihlanu**. Unesilwane esingumngani **esiyinhlanzi/esiyinja** asithola sisengumdlwane. Wasetha igama elithi **nguNoodle/Blossom**. Umngani wakhe omkhulu nguNeo futhi badlala ndawonye nsuku zonke uma uNeo esebuyile esikoleni. UBella uthanda ukulalela **izindaba/amaculo** azixoxelwayo noma azifundelwayo. Uthanda zonke izilwane ngakho uthanda izindaba ezimayelana nezilwane. Kodwa uyaziithanda futhi izindaba ezimayelana nezindlovukazi kanye nabathakathi, noma ziye zithi **ukumjabulisa/ukumethusa** ngesinye isikhathi!



Answers: five, dog, Noodle, stories, scared  
Iziphendulo: emihlanu, esiyinja, nguNoodle, izindaba, ukumethusa

Look out for our special Mother's Day edition of the Nal'ibali supplement in the week of 10 May 2015!



Find us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sithole ku-Facebook ku-:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

Bheka ushicilelo lwethu olukhethekile loSuku Lomama esithasiselweni sethu sakwaNal'ibali esontweni le-10 kuNhlaba wezi-2015!

Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Phakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.

